

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNIZ WILLIES MCHUNU
EMCIMBINI WOKWELAPHA IZILONDA ZOMPHEFUMULO EZIDALWA IZINGOZI
ZOMGWAQO EMANDENI MHLAKA 12 OCTOBER 2014.**

Ngiyabonga mphathi wohlelo;
AmaKhosi aseNdlunkulu;
Amalungu eSishayamthetho;
IMeya yoMkhandlu waseMandeni uKhansela uZulu;
Abefundisi bonke ngaphansi kwe-Interfaith Committee;
Ubuholi ezinhlakeni zomphakathi ngokwehlukana kwazo;
Abasebenzi beminyango kahulumeni ekhona lapha;
Umphakathi wonke;
Ngiyanibingelela nonke.

Mangiqale ngokunibonga nonke ngokuthi nikwazile ukuphumelela uma sinimema kulo mcimbi wanamhlanje. Siyazi ukuthi ngalolu suku lwangeSonto iningi lethu liba matasatasa ngemicimbi ehlukeni emindenini nasezihlotsheni.

Siyazi futhi ukuthi abanye bethu kuba nzima ukuphutha ezinkonzweni zabo. Sithi siyabonga ukuthi nonke nisihloniphile uma sihlaba ikhwela njengoHulumeni waKwaZulu-Natal, sibonga kakhulu.

Lo mcimbi wanamhlanje uyingxenywe yeminye eminingi esiyenzayo njengoHulumeni lapho sihlalanga nemiphakathi sikhulume ngezinto ezisithintayo sonke. Kodwa futhi uphinda ube ingxenywe yochungechunge lwemicimbi esiyenzayo ngale nyanga ka-October eyanikezelwa kuzwelonke ukuba ibe ngeyezokuthutha.

Ngale nyanga sisuke sibheka izinto eziningi ezithinta ezokuthutha kusuka kwingqalasizinda kuya kwezokuphepha emgwaqeni.

Namhlanje-ke sithe njengoHulumeni ake siphume sibheke abantu bakithi ababhekene nesimo esisaziyo sonke – isimo esinzima kakhulu sokushiywa isithandwa, noma isihlobo noma umngani, ungalindele. Ukushaqeka kokumangazwa isehlakalo esibuhlungu ungazelele. Uzwe sekuthiwa selidume ledlula.

Asiqondile ukuvusa amanxeba kulabo esebeke bathinteka ngezindlela ezahlukeni ezingozini zomgwaqo, kodwa sizama ukugcizelela ukuthi kumele impilo iqhubeke.

Ngaphezu kwalokho futhi sifisa kube yibona asebeke baba yizisulu abahamba phambili ngokuba ngamanxusa ezokuphepha emgwaqeni bangabi namahloni okukhuluma ngabakwaziyo ukuze nabanye bafunde kubona.

Lokhu kuhambisana ncamashi nesiqubulo sethu kulo nyaka esithi ukuphepha emgwaqeni kungumthwalo wethu sonke.

Uma silwenza-ke lolu hlelo siyaye sibheke izinto ezahlukene kuhlenganisa nokuqinisekisa ukuthi abathintekile bayakuthola konke okuyizibonelelo zikaHulumeni ezibafanele. Size senza lokhu nje, kusukela ekutheni besilokhu sithola imibiko yokuthi kunabantu abaningi abangagcini ngokuba yizisulu zezingozi zomgwaqo nje kuphela kodwa bagcina sebeyizisulu zamaqili afaka ama-claim kwa-Road Accident Fund (RAF) emagameni abo kanti afuna ukuzicebisa wona.

Kwezinye izindawo kugcina kusele izintandane, mhlambe ngokungabikhona komuntu onolwazi, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya, uthole ukuthi lezo zingane azisitholi isibonelelo sikaHulumeni kanti mhlambe iminyaka yazo isazivumela ukuba zisithole.

Sabe sesijuba ithimba lomNyango wethu wezokuThutha elisebenzisana neminye iminyango ethintekayo njengowezeMpilo nokwezokuThuthukiswa koMphakathi kanye nabe-RAF, ukuba bahambele zonke izingxenye zesifundazwe bathole abantu abanezingqinamba ekutholeni usizo.

Ngithe uma ngilandela indlela esisebenza ngayo kule ngxenye yesifundazwe ngathola ukuthi kulezi zinyanga ezintathu ukusuka ngo-July sekunezinxephezelo ezifinyelela ku-R2.6 mllion esezikhishwe ngabakwa-RAF ngokulekelelwa yilolu hlelo lomNyango.

Lapha sikhuluma ngabantu baseMandeni, KwaDukuza, eGingindlovu naseShowe.

Okunye esesikuqaphele kulolu hlelo ngukuthi uma sekuzwakele ukuthi ithimba lethu liyeza, kutholakala abantu sebebizwa ngabameli babo bezozama ukubacacisela ukuthi kwenzekani ngezicelo zabo yize kade bengabakhathalele kangakho ngokubazisa. Kodwa-ke ngizwile ukuthi lapha kule ndawo kunokusebenzisana kahle phakathi komNyango nabameli.

Thina esikwenzayo sikwenza mahhala ngaphandle kwabameli.

Kodwa futhi kumele sikusho ukuthi asibaphuci abantu ilungelo labo lokusebenzisa abameli babo abazobakhokhela ngokubafakela izicelo. Kodwa njengoba ngike ngasho ekuqaleni, thina sizama ukuqeda ukuxhashazwa kwabantu ngabameli abangamaqola ngoba bengazi lutho.

Kulabo abangakazi ukuthi sitholakala kanjani lapha, kukhona uCool Cat esamjuba ukuthi asiphathele lolu hlelo emNyangweni, nekomiti le-Interfaith okuwuhlaka lokubambisana phakathi komNyango namabandla ezenkolo. Inombolo yocingo esamnika yona ukuba atholakale kuyona ithi 071 777 2927.

Siyafisa-ke kodwa ukubaxwayisa abantu bakithi ukuthi mabangathathi amashansi benze izicelo kube kungekho ngozi abathinteka kuyona.

Sesibabambile kwezinye izindawo. Kumele nazi ukuthi uma nenza kanjalo nenza icala lokukhwabanisa okuyinto enganenza nibhadle ejele.

Sengikushilo konke lokhu, ngithanda ukugcizelela kodwa ukuthi ngeke sibe yisizwe esisimeme uma impilo yethu izobuswa ngukuthi senza noma kanjani ngoba sinoHulumeni wethu onxephezelayo.

Bheka nje ngoba ngezingozi zomgwaqo izwe lethu lichitha imali yabakhokhi bentela engaphezulu kuka-R300 billion ngonyaka ngokukhokhela izinto ezahlukene njengazo izinxephezelo ze-RAF, ukulashwa kwabalimele nokondliwa kwezintandane.

Le mali ngabe isetshenziselwa intuthuko nokwakha amathuba emisebenzi kweminye imikhakha yempilo. Manje uma ubheka igebe esisadinga ukulivala ekwakhiweni kwemigwaqo, ukulethwa kwezidingo zezempilo nokuthuthukiswa komphakathi kwezenhlalakahle, uyabona nje ukuthi ngempela izingozi zomgwaqo zisihlehlisela emuva kanjani.

Yingakho-ke futhi namhlanje sizohlaba ikhwela ukuba kube yithina sonke esisukumayo njengemiphakathi silekelele imikhankaso kaHulumeni yokuphepha emgwaqeni. Umkhankaso ka-Operation Val'ingozi esiwuqhubayo esifundazweni, usitshela kona ukuthi kumele sonke sibhukule sithi siyazivala izingozi zomgwaqo.

Kulesi fundazwe kulezi zinyanga ezintathu ezedlule akufi abantu abangaphansi kuka-150 nyanga zonke emigwaqeni yethu.

Izibalo zikhomba ukuthi kusukela ngo-July nje esifundazweni silahlekelwe ngabantu abangu-198 ezingozini ezingu-166 nyonyaka odlule kwafa abangu- 181 ezingozini ezingu-162.

Ngo-August baba ngu-183 ezingozini ezingu-168 kanti ngonyaka odlule babengu-170 ezingozini ezingu-151.

Ngo-September bathe ukwehla baba ngu-150 ezingozini ezingu-137 njengoba ngodlule babengu-166 ezingozini ezingu-122. Uma ubheka-ke uzobona ukuthi sidinga ukusebenza kanzima kanjani.

Njengoba sisenyangeni ka-October, ngoLwesithathu bese sime kubantu abangu-45 ezingozini ezingu-41. Kusasa sizobe sithola ezinye futhi izibalo ezibuyekeziwe. Lokhu kusho ukuthi silokhu sibambe umoya ukuthi engabe izophela sesime kanjani.

Kodwa njengoba sengishilo, ekugcineni ukuphepha emgwaqeni kusezandleni zabasebenzisa umgwaqo uqobo. Abasebenzisi bomgwaqo yibona okumele bahloniphe imithetho yomgwaqo.

Mangithathe leli thuba ngiphinde ngigcizelele ukuthi kubalulekile manje ukuba sihlangane siyiminyango kaHulumeni, izinhlaka zezenkolo namakhosi ukuba kulekelelwe imindeni ethintekile ezingozini zomgwaqo.

Masisukume sakhe isifundazwe singalokhu kwaba yithina esihamba phambili ngezibalo uma kukhulunywa ngezinto ezimbi. Masilusebenzise ngokufanele nohlelo lukaSukuma Sakhe olwasungulwa nguHulumeni wesifundazwe.

Uma sihlangana kuma-War Room ngaphansi kwalolu hlelo kumele sibheke nalokhu kokuthi ayikho yini imindeni engaziwa ukuthi ayilutholile usizo ngemuva kokuvelelwa yingozi yomgwaqo.

Mangibonge ngethuba ngigcine ngokunxusa ukuthi sonke esilapha siphume ngobuningi bethu siyokuba ngamanxusa ezokuphepha emgwaqeni. Sonke esisebenzisa umgwaqo masihloniphe imithetho yomgwaqo senze okufanele.

Sengathi singaphepha kuze kushaye amaholide kaKhisimusi nangemuva kwawo.

Ngiyabonga.